

Literacy: the bad news and the good news

Every year on 8 September the world marks International Literacy Day.

On this day we think about the role that reading and writing plays in our lives, and we remember how far we still have to go to have a world in which everyone is able to read and write. For example:

- ★ The United Nations Educational, Scientific and Cultural Organisation (UNESCO) reported in 2015 that there are 757 million people across the world who are not able to read or write a simple sentence.
- ★ UNESCO also reported that at least 250 million of the world's 650 million primary school children are unable to read, write or do basic mathematics.
- ★ In South Africa, only 14% of us are active book readers and only 5% of all parents or caregivers read to their children.

So, that's the bad news. The good news is that every one of us is able to do our bit to build a more literate world. We do this when we help our own children become lifelong readers by following a few basic reading guidelines.

1. Read aloud to your children as often as possible. Commit to spending 15 minutes every day reading to them. When you read aloud to children and they enjoy the story, they see reading as a satisfying and enjoyable activity. This motivates them to want to read for themselves.
2. Read to your children in their home language/s, whenever possible. This doesn't mean that you shouldn't sometimes read to them in other languages too. It's just that nothing beats reading or listening to a story in your home language!
3. Read aloud to your children not only when they are very young, but also once they can read for themselves.
4. Take turns to choose what you read together. Talk to your children about which kinds of books they like. Do they like storybooks or information books? And what kind of stories do they like: adventure stories, fantasy, or stories about everyday life? Then help your children find the books they want.
5. Use reading and writing yourself! Your children learn from your example. They need to see you using reading and writing in different ways in your daily life if you want them to do this too.



Ukwazi ukufunda nokubhala: izindaba ezimbi nezinhle

Minyaka yonke mhla ziyi-8 kuMandulo umhlaba ugubha Usuku Lomhlaba Wonke Lokwazi Ukufunda Nokubhala.

Ngalolu suku sicabanga ngendima edlalwa ukufunda kanye nokubhala ezimpilweni zethu, futhi sikhumbula ukuthi kukude kangakanani lapho okumele siye khona ukuze sibe nomhlaba lapho wonke umuntu ekwazi khona ukufunda nokubhala. Isibonelo:

- ★ I-United Nations Educational, Scientific and Cultural Organisation (UNESCO) ibike ngowezi-2015 ukuthi kunabantu abayizigidi ezingama-757 emhlabeni wonke abangakwazi ukufunda nokubhala ngisho umsho olula nje.
- ★ I-UNESCO iphinde yabika ukuthi kukhona okungenani eziyizigidi ezingama-250 ezinganeni ezifunda amabanga aphantsi emhlabeni wonke eziyizigidi ezingama-650 ezingakwazi ukufunda, ukubhala noma ukwenza izibalo eziyisisekelo nje.
- ★ ENingizimu Afrika, bangama-14% kuphela kithi abafunda izincwadi kanti ama-5% abo bonke abazali nabantu abanakekela izingane abafundela izingane zabo.

Ngakho-ke, yizo lezo izindaba ezimbi. Izindaba ezinhle ukuthi sonke siyakwazi ukwenza okuncane ukuze sakhe umhlaba okwazi ukufunda nokubhala. Senza lokhu uma sisiza izingane zethu ukuthi zibe abafundi impilo yazo yonke ngokulandela imikhombandlela eyisisekelo embalwa.

1. Fundela izingane zakho kakhulu kaningi ngendlela ongakwazi ukwenza ngayo. Zibophezele ukuchitha imizuzu eyi-15 nsuku zonke uzifundela. Uma ufundela izingane kakhulu futhi ziyithokozela indaba, zibona ukufunda kungumsebenzi owenelisayo nothokozisayo. Lokhu kuzikhuthaza ukuthi zifune ukuzifundela.
2. Fundela izingane zakho ngolimi noma ngezilimi zasekhaya, njalo uma kungenzeka lokhu. Lokhu akuchazi khona ukuthi angeke ngesinye isikhathi uzame ukuzifundela ngezinye izilimi futhi. Ukuthi nje ayikho into edlula ukufunda noma ukulalela indaba ngolimi lwakho lwasekhaya!
3. Fundela kakhulu izingane zakho hhayi kuphela uma zisencane kakhulu, kodwa noma sezikwazi ukuzifundela futhi.
4. Shintshanani ukukhetha lokho enizokufunda ndawonye. Xoxa nezingane zakho ngokuthi yiziphi izincwadi ezizithandayo. Ngabe zithanda izincwadi zezindaba noma izincwadi ezinika ukwazi? Futhi ngabe yiziphi izindaba ezizithandayo: izindaba ezinezigigaba, ezokucatshangelwayo nje, noma izindaba ezimayelana nempilo yansuku zonke? Bese usiza izingane zakho ukuthi zithole izincwadi ezizifunayo.
5. Nawe sebenzisa ukufunda nokubhala! Izingane zakho zifunda ngokubonela kuwe. Kufanele zikubone usebenzisa ukufunda nokubhala ngezindlela ezahlukene empilweni yakho yansuku zonke uma ufuna ukuthi nazo zenze lokho.

Download your FREE copy of Nalibali's Children's Literacy Charter and Children's Literacy Rights poster from the "Story supplies" section on our website: www.nalibali.org.

Thwebula ngokusebenzisa insiza yekhompuyutha ikhophi yakho YAMAHLALA Umqulu okhuthaza ukwazi kwezingane ukufunda nokubhala kanye naMalungelo Ezingane Okwazi Ukufunda Nokubhala esigabeni esithi "Story supplies" kusizindalwazi sethu: www.nalibali.org.



Drive your imagination

Story Power.
Anywhere. Anytime. Anyone.
Noma kuphi. Noma nini. Noma nobani.

Nalibali
It starts with a story...



Nal'ibali news

Nal'ibali has been very busy spreading the news about the power of reading for enjoyment!

In April this year, Blind SA in partnership with Nal'ibali launched the first Braille edition of Nal'ibali's Children's Literacy Rights poster. The poster, first released in 2015, has eight short messages aimed at helping children to understand what they need to become inspired and independent readers and writers. The poster was endorsed by the United Nations Children's Emergency Fund (UNICEF), The International Board on Books for Young People (IBBY International), The South African Book Development Council / National Book Week, The Publishers' Association of South Africa (PASA), The Little Hands Trust and PEN South Africa.

Until recently, the poster has been available in the 11 official South African languages. Now, through an on-going partnership with Blind SA, it is also available in Braille, which means that for the first time visually impaired children have the opportunity to read it for themselves.

"Literacy should be a right, not a privilege. There is nothing quite like reading a story and becoming part of the storyline. Reading, in whatever format, opens so many doors and enriches the reader with so much knowledge," said Cathy Donaldson, President of Blind SA, at the launch of the Braille version of the poster at Sibonele School for the Blind in Meyerton, Gauteng.

We are so pleased that through our partnership with Blind SA, visually impaired children will be able to learn about their literacy rights and then also enjoy a Nal'ibali story published each month in Blind SA's Braille magazine, *Youth Magazine*.

Izindaba zakwaNal'ibali

UNal'ibali ubematasatasa esabalalisa izindaba mayelana nokufundela ukuzithokozisa!

NgoMbaso walo nyaka, iBlind SA ngokubambisana noNal'ibali yethula iphosta yokuqala ebhalwe ngeBhreyili kaNal'ibali yaMalungelo Ezingane Okwazi Ukufunda Nokubhala. Iphosta, eyaqala yakhishwa ngowezi-2015, inemisho emifushane eyisishiyagalombili okuhloswe ngayo ukuthi kusizwe izingane ukuthi ziqonde lokho ezikudingayo ukuze zibe nentshisekelo futhi zikhuthazeke ukuba zibe ngabafundi nababhali abazimele. Iphosta yagunyazwa i-United Nations Children's Emergency Fund (UNICEF), iThe International Board on Books for Young People (IBBY International), iThe South African Book Development Council / iNational Book Week, iThe Publishers' Association of South Africa (PASA), iThe Little Hands Trust nePEN South Africa.

Kuze kube kamuva nje, iphosta ibitholakala ngezilimi zaseNingizimu Afrika eziyi-11. Manje, ngokubambisana okuqhubekayo neBlind SA, isiyatholakala nangeBhreyili, okuchaza ukuthi kungokokuqala ukuthi izingane ezingaboni zibe nethuba lokuzifundela.

"Ukwazi ukufunda kumele kube ilungelo, kungabi into yabathile nje. Ayikho into engafaniswa nokufunda indaba kanye nokuba yingxenye yesakhiwo sendaba. Ukufunda, noma kungayiphi indlela, kuvula iminyango eminingi futhi kunothisa umfundi ngolwazi oluningi," kusho uCathy Donaldson, uMongameli weBlind SA, ekwethulweni koshicilelo lwePhosta yeBhreyili eSibonele School for the Blind eMeyerton, eGauteng.

Kuyintokozo enkulu kithi ukuthi ngokubambisana neBlind SA, izingane ezingaboni zizokwazi ukufunda ngamalungelo azo okwazi ukufunda nokubhala futhi zizokwazi ukuthokozela indaba yakwaNal'ibali eshicilelwa nyanga zonke ephephabhukwini leBlind SA's elingeBhreyili elibizwa ngokuthi yi *Youth Magazine*.



A visually impaired child reads the Braille version of Nal'ibali's Children's Literacy Rights poster.

Ingane engaboni ifunda iphosta yakwaNal'ibali engeBhreyili yaMalungelo Ezingane Okwazi Ukufunda Nokubhala.



Children at Sibonele School for the Blind enjoying Nal'ibali's Children's Literacy Rights poster.

Izingane eSibonele School for the Blind zithokozela iphosta yakwaNal'ibali yaMalungelo Okwazi Ukufunda Nokubhala.



If you would like a copy of Nal'ibali's Children's Literacy Rights poster in Braille, contact Sanette Jordaan from Blind SA on 011 839 1793 or sanette@blindsa.org.za.

Uma ungathanda ukuthola ikhophi yakho yephosta yakwaNal'ibali yaMalungelo Ezingane Okwazi Ukufunda Nokubhala engeBhreyili, thinta uSanette Jordaan wakuBlind SA ku-011 839 1793 noma ku-sanette@blindsa.org.za.

NAL'IBALI ON RADIO!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show: Ukhozi FM on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m. SAfm on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.



SABC EDUCATION
Enriching minds. Enriching lives.

UNAL'IBALI USEMSAKAZWENI!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lwakwaNal'ibali: Ku-Ukhozi FM ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni. Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 emini.



From 13 to 15 May, Nal'ibali brought the power of children's stories to the Franschhoek Literary Festival in the Western Cape. At the festival we hosted storytelling events in English and isiXhosa, and we also had a pop-up book stand where people could get free books.


Together with the Jungle Theatre Company, Nal'ibali visited Dalubuhle Primary School. The Jungle Theatre Company performed an English-isiXhosa play based on our version of the traditional folktale, "How stories began". All the children who attended the performance received a free copy of the Nal'ibali Newspaper Supplement. Then the Grade 7s enjoyed participating in a workshop where they created their own mini-libraries from old shoeboxes, magazines, string and the cut-out-and-keep stories from the Nal'ibali Newspaper Supplement.

Then it was the turn of young children at the Groendal Soup Kitchen to experience some Nal'ibali magic! They enjoyed singing and dancing with the Nal'ibali team before meeting the Nal'ibali character, Bella, and watching the Jungle Theatre Company's performance of "How stories began".

The streets of Franschhoek also saw the Nal'ibali team singing songs and telling stories. Over the three days of the festival, we held over 16 pop-up storytellings where we surprised adults and children with exciting songs and tales!

And then there was our Nal'ibali-Pick n Pay book giveaway! Cambridge University Press, Exclusive Books, Jacana and The Little Hands Trust had all donated books which we were able to give away. Outside Pick n Pay, children lined up and told us their favourite stories in exchange for books and T-shirts.

The Franschhoek Literary Festival was an opportunity for children and their teachers, parents and caregivers to have fun with stories – and then take a little of that magic home afterwards.



The children at Dalubuhle Primary School in Franschhoek reading their free copies of the Nal'ibali Newspaper Supplement.

Izingane zaseDalubuhle Primary School eFranschhoek zifunda amakhophi azo amahhala eSithasiselo sePhephandaba sakwaNal'ibali.



Children at Groendal Soup Kitchen enjoy the Jungle Theatre Company's performance of "How stories began".

Izingane zaseGroendal Soup Kitchen zithokozela umdlalo weshashalazi weJungle Theatre Company othi "Zaqala kanjani izindaba".

Kusukela mhla ziyi-13 ukuya mhla ziyi-15 kuNhlaba, uNal'ibali wahambisa amandla ezindaba zezingane kuFranschhoek Literary Festival eNtshonalanga Kapa. Kufestivali sasisingethe imicimbi yokuxoxa izindaba ngesiNgisi nesiXhosa, futhi saba nendawo enezincwadi lapho abantu babekwazi khona ukuthola izincwadi zamahhala.


Endawonye neJungle Theatre Company, uNal'ibali wavakashela iDalubuhle Primary School. IJungle Theatre Company yadlala umdlalo weshashalazi ongesiNgisi nesiXhosa osuselwa enganekevaneni yethu yendabuko ethi, "Zaqala kanjani izindaba". Zonke izingane ezazethamela umdlalo zathola ikhophi yamahhala yeSithasiselo sePhephandaba sakwaNal'ibali. Kanti-ke izingane ezenza lbanga lesi-7 zathokozela ukuzibandakanya emhlanganweni wokucobelelana ngolwazi lapho ezazenzela khona umtapo wezincwadi omncane emabhokisini amadala ezicathulo, amaphephabhuku, intambo kanye nezindaba ezisikwa zikhishwe bese ziyagcinwa zaseSithasiselweni sakwaNal'ibali sePhephandaba.

Kwase kuba yithuba lezingane zaseGroendal Soup Kitchen ukuthi zizizwele umlingo wakwaNal'ibali! Zathokozela ukucula nokudansa nethimba lakwaNal'ibali ngaphambi kokuhlangana nomlingiswa wakwaNal'ibali, uBella, kanye nokubukela umdlalo weshashalazi weJungle Theatre Company othi "Zaqala kanjani izindaba".

Imigwaqo yaseFranschhoek yabuye yabona nethimba lakwaNal'ibali elalicula amaculo lixoxe nezindaba. Ezinsukwini ezintathu sefestivali, saba noqhiphukhowe bokuxoxwa kwezindaba abangaphezu kwe-16 lapho esamangaza khona abantu abadala kanye nezingane ngezingoma kanye nezinganekwane ezihlaba umxhwele!

Kwase kuba nalapho kwakuphiswana khona ngezincwadi nguNal'ibali-Pick n Pay! ICambridge University Press, i-Exclusive Books, iJacana kanye neThe Little Hands Trust babenazo zonke izincwadi ezinikelwe ukuze zinikezwe abantu. Ngaphandle kwakwaPick n Pay, izingane zaklela zase zisixoxela izindaba zazo ezizithandayo ukuze zithole izincwadi kanye nezikibha.

IFranschhoek Literary Festival yaba yithuba lokuthi izingane nothisha bazo, abazali kanye nabazinakekelayo ukuthi bazithokozise ngezindaba – bese bethatha okuncane kulowo mlingo beya nakho ekhaya kamuva.



The Nal'ibali book stand with some of the books we gave away.

Isitende sezincwadi zakwaNal'ibali nezinye zezincwadi esasiphana ngazo.

Remember!

Nal'ibali is running its annual Story Bosso competition in September! Go to www.nalibali.org to find out how to enter, where our events will be held, and how to get your story noticed. You could be South Africa's next Story Bosso!

Khumbula!

UNal'ibali uqhuba umncintiswano waminyaka yonke iStory Bosso ngoMandulo! Yana ku-www.nalibali.org ukuze uthole ukuthi unganenela kanjani, ukuthi imicimbi yethu izobanjelwa kuphi, nokuthi ungenza kanjani ukuthi kubonakale indaba yakho. Ungaba yiStory Bosso saseNingizimu Afrika esilandelayo!



Get creative!

Here are some fun things for you and your children to do after you've read the stories in this edition of the Nal'ibali Newspaper Supplement as well as some activities to help you celebrate International Literacy Day.

Veza ubuciko bakho!

Nazi ezinye zezinto ezithokozisayo ezizokwenziwa nguwe nezingane zakho ngemva kokufunda izindaba kulolu shicilelo lweSithasiselo sePhephendaba sakwaNal'ibali kanye neminye imisebenzi ezonisiza ukuthi nigubhe Usuku Lomhlaba Wonke Lokwazi Ukufunda Nokubhala.

- ★ Use some of your own magic to create beautiful things from scrap materials, just like Joseph did in *All the magic in the world*. What can you create from pull-tops, bottle tops, or plastic cooldrink bottles?



- ★ Sebenzisani umlingo wenu wokwenza izinto ezinhle ngezinto esezilahliwe, njengoba kwenze uJoseph endabeni ethi *Wonke umlingo osemhlabeni*. Ningakhani ngama-pull-top, izivalo zamabhodlela, noma ngamabhodlela eplastiiki eziphuzo ezibandayo?

- ★ Find a long piece of string and then play string games where you create pictures like the cup and saucer, and house that Joseph made in *All the magic in the world*. Try making cat's whiskers and a butterfly too. Find step-by-step guidelines to making these here: <http://www.kidspot.com.au/things-to-do/galleries/kids-games/5-string-games-for-kids-to-play>.



- ★ Tholani intambo ende bese nidlala imidlalo yentambo, nakhe izithombe ezifana nenkomishi nesoso, kanye nendlu eyakhiwe nguJoseph endabeni ethi *Wonke umlingo osemhlabeni*. Zamani ukwenza amadevu ekati kanye novemvane. Tholani imikhombandlela yesinyathelo ngesinyathelo ukuze nenze lokhu la: <http://www.kidspot.com.au/things-to-do/galleries/kids-games/5-string-games-for-kids-to-play>.

DID YOU KNOW?

String games are played by children all over the world and are some of the oldest games around – people have been playing them for over 2 000 years!

Ngabe bewazi?

Imidlalo eyenziwa ngentambo idlalwa yizingane emhlabeni wonke futhi ingeminye yemidlalo emidala kunayo yonke ekhona – abantu sebeyidlale iminyaka eyevile kweyizi-2 000!



- ★ Create your own little "Knock, knock!" story by folding a sheet of A4 paper to make a book with eight pages. Copy the words "Knock, knock!" onto the pages of your book, like they are used in the cut-out-and-keep book, *Knock, knock!* Then have fun adding in the other words of your story and drawing the pictures.




- ★ Zakhele eyakho indatshana ethi "Nqo, Nqo!" ngokusonga ikhasi lephepha elingu-A4 ukuze uzenzele incwadi enamakhasi ayisishiyagalombili. Kopishela amagama endaba ethi "Nqo, nqo!" emakhasini encwadi yakho, ngendlela efanayo nasetshenziswa ngayo encwadini esikwa ikhishwe bese iyaginwa ethi, *Nqo, nqo!* Bese uzithokozisa ngokwengeza amanye amagama endabeni yakho kanye nokudweba izithombe.

- ★ In *Thoko's first library book*, Thoko liked a story about some animals and a monster. What is your favourite story? Create your own review of it! Draw a picture of the cover (if it's a book) or another picture about the story, and write a few sentences on what the story is about and why you like it. You could also draw between one and five stars next to your review to show how much you like the story!



- ★ Endabeni ethi *Incwadi kaThoko yokuqala yasematsheni wezincwadi*, uThoko uthande indaba emayelana nezinye izilwane kanye nenunu. Iyiphi indaba yakho oyithandayo? Zakhele okwakho ukuyibuyekeza! Dweba isithombe kukhava (uma kuyincwadi) noma esinye isithombe ngendaba bese ubhala imisho embalwa ngokuthi ingani indaba nokuthi kungani uyithanda. Ungadweba futhi izinkanyezi eziphakathi kweyodwa ukuya kwezinhlanu eduze kwalokho okubuyekizile ukuze ukhombise ukuthi uyithanda kangakanani indaba!

- ★ Celebrate International Literacy Day by:
 - ✎ sharing the joy of reading with others when you choose a few of your favourite storybooks to read to children or adults who are not able to read for themselves.
 - ✎ challenging yourself during September to read books by authors who are new to you, or to try reading books on topics that you don't know anything about.
 - ✎ making up some poems or rhymes together – you don't have to write a whole poem all at once; just add a few lines or a verse to your poem or rhyme each day and watch it grow.
 - ✎ writing a story as a gift for someone important to you. (If you need help doing this, ask someone to write down the words of your story as you say them.)
 - ✎ talking about all the things you couldn't do if you were not able to read or write.



- ★ Gubha Usuku Lomhlaba Wonke Lokwazi Ukufunda Nokubhala ngokwenza lokhu:
 - ✎ ukwabelana ngokuthokozela ukufunda nabanye lapho ukhetha izincwadi zezindaba ozithandayo ezimbalwa ukuze uzifundele izingane noma abantu abadala abangakwazi ukuzifundela.
 - ✎ ukuziphonsela inselele yokufunda ngoMandulo ukuze ufunde izincwadi zababhali abasha kuwe, noma ukuzama ukufunda izincwadi ezingezihloko ongazi lutho ngazo.
 - ✎ nindawonye zenzeleni izinkondlo noma imilolozelo – akudingeki ukuthi nibhale inkondlo yonke ngesikhathi esisodwa; ningavele nifake imigqa embalwa noma isigatshana enkondlweni noma kumlolozelo wenu usuku ngalunye bese nikubukela kukhula lokhu.
 - ✎ ukubhala indaba njengesipho somuntu obalulekile kuwe. (Uma udinga usizo ukuze wenze lokhu, cela omunye umuntu ukuthi abhale phansi amagama endaba ngesikhathi uwasho.)
 - ✎ khuluma ngazo zonke izinto obungeke ukwazi ukuze uma ubungakwazi ukufunda nokubhala.


Create TWO cut-out-and-keep books

Knock, knock!

1. Tear off page 9 of this supplement.
2. Fold the sheet in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again along the green dotted line to make the book.
4. Cut along the red dotted lines to separate the pages.

All the magic in the world

1. To make this book use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
2. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
3. Fold the sheets in half along the black dotted line.
4. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
5. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

Nqo, nqo!

1. Dabula ikhasi lesi-9 lalesi sithasiselo.
2. Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
4. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomwu ukuze uhlukanise amakhasi.

Wonke umlingo osemhlabeni

1. Ukuze wenze le ncwadi sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
2. Gcina ikhasi lesi-7 kanye nele-8 ngaphakathi kwamanye amakhasi.
3. Songa amaphepha abe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
4. Asonge abe nguhhafu futhi ulandele umugqa oluhlaza okotshani ukuze wenze incwadi.
5. Sika ulandele umugqa wamachashazi abomwu ukuze uhlukanise amakhasi.



Drive your imagination



“This was around a package,” he said, “and then it was thrown away.” He carefully undid all the knots and tied the two ends of the string together. “But look, it can make pictures.”
 “A cup and a saucer,” said Lena.
 “Lokhu kwakuthandle okusaphakethe,” kusho yena, “kwase kulahlwa.” Wabe eseqaga wonke amafundo ngokucophela, wabophela ndawonye izidunu zentambo. “Kodwa ake ubheke, kungakwazi ukwenza izithombe.”
 “Inkomishi nesoso,” kusho uLena.

All the magic in the world is from the SONGOLOLO list – a range of books celebrating both the common and diverse interests and experiences in childhood, featuring stories from Africa and beyond.


Shuter & Shooter Publishers acquired the award-winning children’s picture book imprint, SONGOLOLO in 2008. SONGOLOLO is a quality list, featuring books by some of South Africa’s foremost authors and illustrators, including Niki Daly, Gcina Mhlophe, Joan Rankin and Jude Daly. The list features several bestsellers, including Niki Daly’s *Mama, Papa and Baby Joe*, and Joan Rankin’s *Wow! It’s Great Being a Duck* and other numerous award-winning titles.

For further information, visit www.shuters.com



All the magic in the world Wonke umlingo osemhlabeni

Wendy Hartmann
 Niki Daly



Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children’s potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal’ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi




“Thini lami elikhethekile?” kusho yena. “Akukho lutho kulo ongathenga ngalo noma ongadla. Kodwa . . .” U Lena wase ehala phansi ukuze alale. Wadonsa wakhipha ethinini umucu wentambo endala. Yayisontekile futhi igcwele amafindo.

“It’s my special tin,” he said. “There’s nothing in it to spend or to eat. But . . .” And Lena sat down to listen. Out of the tin he pulled an old piece of string. It was twisted and full of knots.



Every Friday evening, Sonnie, Stefan, Anna, Chrissie, and Lena played in the street or in the yard.

If it had rained, they made mud socks on their feet and paraded past the chickens, making silly noises.




“You have magic in that tin,” she whispered.
 “No, Lena,” said Joseph. “There is no magic in my tin. All the magic in the world is not found in tins.”
 “Where is it found, then?” the children asked.
 Joseph smiled. “You’ve seen the things – things I pick up here and there.” They nodded.
 “You saw the shell?”
 “Yes,” they said, “we heard the sea.”
 “You saw the pull-tops?”
 “Yes.”
 “And you *saw* the princess?”
 Joseph shut the tin. “So you tell me where the magic is found.”


“Unomlingo kulelo thini,” kunyenzeza yena.
 “Cha, Lena,” kusho uJoseph. “Akukho mlingo ethinini lami. Wonke umlingo osemhlabeni jikelele avutholakali emathinini.”
 “Utholakalaphi-ke?” kubuza izingane.
 UJoseph wamamatheka. “Nizibonile izinto – izinto engizicoshe la nalaphaya.” Banqekuzisa amakhanda bonke.
 “Nilibonile igobolondwe?”
 “Yebo,” kusho bona, “siluzwile ulwandle.”
 “Niwabonile ama-pull-top?”
 “Yebo.”
 “Nase *nizibona* inkosazana?”
 UJoseph wavala ithini. “Ake ningitshela-ke ukuthi umlingo utholakala kuphi.”



“A house... Magic?”
 “Indlu... uMlingo!”




Njalo ngolweziHlanu ebusuku, uSannie, uStefan, u-Anna, uChrissie, kanye noLena babedlala emgwaqweni noma egcekeni. Uma belina, babezenzela amasokisi odaka ezinyaweni zabo bese behamba ngokuziqhenya bedlule izinkukhu, benza imisindo ewubulima.



Waphendukela kuJoseph. Wayehleli yedwa ekhomeni
Ijestolo sakhe ebeke ithini emathangeni akhe.
ULena wasondela eduze. Wambuka ngokumamatheka.




She turned towards Joseph. He sat alone at the
corner of his shop with his tin on his lap. Lena crept
closer. He smiled at her.




If it was cold, they crowded around the
roadworker's drum to watch the orange flames
lick at the damp air. Firelight painted them gold
and warm. Sometimes they talked about Joseph,
the odd-job man. Joseph always had a tin.
"For my special things," he told them.
But they laughed. "Silly old Joseph," they
whispered, "picking up junk to keep in a tin."

Abanye bagijima bayobona. UJoseph wathatha isandla sikalena.
Wabeka kuso igobolonondwe, elimhlophe njengepharele, elibusheshelazi.
Ingaphakathi lalo elingenalutho laligcine umsinde wolwandle. Babelizwa
ihleba uma belicindezele ezindlebeni zabo. Kanti uma bevala amehlo
abo ngci, babecishe banuke iphunga likasawoti osemagagasini.




The others ran to see. Joseph took Lena's hand. In it he placed a
shell, pearly white and smooth. Its empty insides held the sound of the
sea. They heard it whisper when they pressed the shell close to their
ears. And when they shut their eyes tight, they could almost smell the
salt on the waves.



INkosazana yasebukhosini uLena yathi ukugoba amadolo
ngenhlonipho. Yamamatheka njengamakhosazana ngempela
yase ihamba izungeza uStefan noChrissie, ivule kakhulu izingalo,
ibhekise ikhanda phezulu. Umgexo wesiliva wakhazimula
entanyeni yayo, kwathi wonke umuntu wabona nje ukuthi
yayihamba ngesizotha kanjani. Yadansa umdanso omncane
njengomoya oheleza emasimini kakolo.

Hello, Cow!
Sawbona,
weNkomol



Knock, knock!
Nqo, nqo!



Hello, Hen!
Sawbona,
weSikhukhukazi!




Knock, knock!
Nqo, nqo!



Knock, knock! Nqo, nqo!

Carole Bloch
Alzette Prins



We publish what we like

This is an adapted version of *Knock, knock!* published by Jacana Media and available in bookstores and online from www.jacana.co.za. This story is available in isiZulu, isiXhosa, English, Afrikaans, Setswana, Sesotho, Sepedi, Siswati, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Lapha ibhalwe kabusha indaba ethi, *Nqo, nqo!*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: www.jacana.co.za. Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgisi, isiXhosa, isiBhunu, isiSotho, isiTswana, Sepedi, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonke izilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: www.jacana.co.za.

© Jacana Media (South African rights only) Tel: 011 628 3200



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi




UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Sawubona, weNj!ai
Hello, Dog!



Nqo, nqo!
Knock, knock!



Knock, knock!

Hello, Mama!



Nqo, nqo!

Sawubona, Mama!

Then Joseph shook the tin. It made a mysterious sound. "Look," he said, emptying a fistful of pull-tops from a cold drink can onto the ground. Kings gleamed in the evening light and shiny tongues curled on the sand.

UJoseph wase ekhhehlezisa ithini. Lenza umsindo ongayawelekile. "Bukani," kusho yena, ethulula ama-pull-top ayawafumbe the ngesandla, aphuma emakani eziphuzo ezibandayo, ewathela phansi. Kwabonakala izindilingana ezikhazimlayo ebusuku ezikhupha ulimi olucwebezelayo olusontekayo esihlabathini.



Her Royal Highness Princess Lena curtsied. She smiled a princess's smile and walked around Stefan and Chrissie, her arms outstretched, her head held high. The silver chain glittered around her neck and everyone saw how graceful she was. She danced a little dance like the wind across the wheat fields.





U Lena wayegconwe ngenxa yokukhubeka ezitshisini nangokuwa esihlahleni. U Lena wayekhubeka awiswe nayizinyawo zakhe ezimbili. Wayezidalala umculo ngomncu wocingo olungamukeli, ayewudonse la emuva bese ewudelela ukuze ushaye uphawu lwensimbi.



Lena who was teased because she stumbled on stairs and fell out of trees. Little Lena who always tripped over her own two feet. She twanged out music with a piece of broken wire, pulling it back and letting it go so that it hit the metal sign.

Uma kubanda, babezungeza imbawula eyenziwe ngomgqomo omdala ukuze babuke amalangabi anombala osawolintshi ekhotha umoya oswakeme. Ukukhanya komlilo kwakubapenda babe sagolide futhi bafudumale. Ngesinye isikhathi babekhuluma ngoJoseph, owayezibambela amatoho. UJoseph wayehlale enethini. "Elezinto zami ezibalulekile," kusho yena kubo. Kodwa babehleka. "Isiwula esiyimambana enguJoseph," kuhleba bona, "ubuwula ukucosha udoti ukuze uwugcine ethinini."





One evening, Sonnie, Stefan, and Chrissie climbed the milkwood tree to hang like monkeys in the branches, and Anna drew pictures in the sand. But Lena stood at the gate.

Kusihlwa ngelinye ilanga uSonnie, uStefan, kanye noChrissie bagibela esihlahleni somnweba ukuze balenge njengezinkawu emagatsheni, kanti u-Anna wadweba izithombe esihlabathini. Kodwa uLena wema esangweni.



Joseph got up and stood in front of Lena. He put the silver chain around her neck and bowed low. "Your Highness," he said.



UJoseph wasukuma wama phambi kukaLena. Wagaxa umgexo wesiliva entanyeni kaLena wase ekhothama kakhulu. "Manje usuyiNkosazana yasebukhosini," kusho yena.

He sent Anna to get a piece of flat wood and Sonnie to get a smooth round stone. Then he hammered and bent and hammered and bent, all while telling his story. "I was lucky to find these." He winked at Lena. "You know, when they are all put together, they become a magic chain. And anyone who wears it becomes a princess," he said as he bent the last link.



Wathumela u-Anna ukuthi ayolanda ukhuni oluyisicaba, noSonnie ukuthi athole ishe eliyindilinga elibushshelazi. Washaya ngesando wagobisa wase eshaya ngesando egobisa, exoxa indaba yakhe ngesikhathi enza lokhu. "Ngibe nenhlamba ukuthi ngithole lokhu." Wacifela uLena iso. "Uyazi, uma konke sekufakwe ndawonye, kuba umgexo womlingo. Kanti-ke noma ubani owugqokayo uba yinkosazana," kusho yena ngesikhathi egobisa ikhongco lokugcina.

Thoko's first library book

Story and illustrations by Niki Daly



Thoko walked into the library with Gogo. She liked the smell of the new building. She liked the shelves of books and shiny tables. Today, she hoped to find something special to read. A storybook ... with pictures!

She held Gogo's warm hand as they walked into the room where all the children's books were kept. A lady at a desk looked up and smiled. She wore a little badge. On it was written, "Li-bra-ri-an".

"Thoko would like to borrow a book from the library," said Gogo.

"Does Thoko have a library card?" asked the librarian. Thoko shook her head. "Well, you can get a library card to take out books after your Gogo has filled out a form," said the librarian.

Gogo sat down on a little yellow chair at a little green table and started to fill in the form. Thoko sat on a red chair and looked around. There were lots of different coloured tables and chairs. On the walls were lots of colourful pictures and posters. On the shelves were lots and lots and lots of books.

"I like it here," whispered Thoko. Gogo looked up and smiled.

"Why don't you find a nice book to take home," said Gogo.

Thoko walked around the room slowly. Some books were on shelves too high for her to reach. Some she could reach, but they had too many words and no pictures.

"Let me show you where the picture books are kept, Thoko," said the nice librarian, whose name was Nadia. Thoko followed Nadia to shelves that were just the right height for her.



"Take your time," said Nadia. "I'm sure you'll find just the right book for yourself."

By the time Gogo handed in the form, Thoko had found just the right book – a book about a mouse, a fox, an owl, a snake AND a terrible monster with horns and tusks.

"This looks very scary. Let's see if there's one that won't give you nightmares," said Gogo. Gogo found a book with a pretty cover. It had a picture of a fairy in a pink ballet dress and glittery wings.

"This looks like a lovely book," said Gogo. But Thoko shook her head. She knew what she liked and she knew what she wanted. So, she held tightly onto her book.

"Ah, everyone likes that book," said the librarian when she saw which book Thoko had chosen. Thoko looked carefully as her book was stamped with the date that she would have to bring it back. "There you go!" said Nadia, handing Thoko her first library book and her first library card.

"Now you are a member of the library," said Nadia. Thoko was very happy!

"Carry the book nicely," said Gogo as they left.

That book! What a story! What pictures! Even Gogo said it was the best children's story she had ever read. And when Thoko told the children at school about the book, they all wanted to see the pictures too.

So, one Friday, Thoko took the library book to school for Mrs Rhode, her teacher, to read and show the pictures. The children laughed and loved the story, especially Themba, who wanted it to be read again and again. But Mrs Rhode closed the book and gave it to Thoko to put back safely in her bag.

That evening at bedtime, Gogo said, "Thoko, tomorrow is the day we have to take your library book back to the library. So, tonight will be the last night for us to read that funny story." Excitedly, Thoko opened her bag, but the library book was not there!

"Oh, Thoko," said Gogo, "you must have left it at school!"

"No," said Thoko, "I put it in my bag when Mrs Rhode gave it back to me!"

Thoko wanted to cry. What would the librarian say if she didn't take her book back the next day? Then she did start to cry!

"Who would take it from your bag?" asked Gogo. Thoko thought and thought.

"Themba Nombela!" cried Thoko. "He loved the story so much he wanted it to be read again and again!"

"Does Themba steal?" asked Gogo.

"Themba sometimes takes things without asking, but he always brings them back," answered Thoko.

The next morning, Gogo and Thoko went to the Nombela's house to see if Themba had the library book.

"Yes," said Themba, "I meant to give it back, but Linzi Dube borrowed it from me."

So Themba showed Gogo and Thoko where the Dube's lived. When they reached the house, Linzi was there ... but not the book!

"Tata has it," said Linzi. "He can't read, but he wanted to look at the pictures."

So off went Linzi, Themba, Thoko and Gogo to Tata's house. They found him sitting outside his front door laughing his head off.

"Ha, ha, ha! Linzi, this book is too, too funny! I am enjoying it very much," said the old man. Gogo explained that the book belonged to the library and that they only had a few minutes to get it back to the library on time.



Continued on page 15



Incwadi kaThoko yokuqala yasemtasheni wezincwadi

Ikhona
lendaba

Indaba kanye nemidwebo nguNiki Daly

UTHoko waya ngezinyawo emtatsheni wezincwadi noGogo. Wayekuthanda ukunuka kwesakhiwo esisha. Wayethanda amashalofu ezincwadi kanye namatafula akhazimulayo. Namhlanje, wayefisa ukuthola okuthile okukhethekile azokufunda. Incwadi yezindaba ... enezithombe!

Wabamba isandla sikaGogo esifudumele base beyongena egumbini lapho okwakugcinwa khona zonke izincwadi zezingane. Ileti elalingemuva kwedeski laphakamisa amehlo lase limamatheka. Laligqoke ibheji elincane. Kwakubhalwe kulo ukuthi, "Li-bra-ri-an".

"UTHoko angathanda ukuboleka incwadi emtatsheni wezincwadi," kusho uGogo.

"Ngabe uThoko unalo ikhadi lasemtasheni wezincwadi?" kubuza umsizi wasemtasheni wezincwadi. UThoko wanikina ikhanda. "Empeleni, ungalithola ikhadi lasemtasheni wezincwadi lokuthatha izincwadi ngemva kokuthi wena noGogo senigcwalise ifomu," kusho umsebenzi wasemtasheni wezincwadi.

UGogo wahlala phansi esihlalweni esincane esiphuzi eduze kwetafula eliluhlaza okotshani wase eqala ukugcwalisa ifomu. UThoko wahlala esitulweni esibomvu waqalaza. Kwakukhona amatafula nezihlalo eziyimibala eyahlukene okuningi. Odongeni kwakukhona izithombe kanye namaphosta okuningi okuyimibala eyahlukene. Emashalofini kwakukhona izincwadi eziningi kakhulu.

"Ngiyakuthanda ukuba lapha," kunyenyeza uThoko. UGogo waphakamisa amehlo wase emamatheka.

"Nawe ungazitholela incwadi emnandi ozoya nayo ekhaya," kusho uGogo.

UTHoko wazungeza indlu ehamba kancane. Ezinye izincwadi zazisemashalofini aphezulu kakhulu engeke akwazi ukufinyelela kuzo. Ezinye wayekwazi ukufinyelela kuzo, kodwa zazinamagama amaningi, kodwa zingenazithombe.

"Ake ngikubonise ukuthi zibekwe kuphi izincwadi zezithombe, Thoko," kusho umsizi wasemtasheni wezincwadi onomusa, ogama lakhe kwakunguNadia. UThoko walandela uNadia ukuya emashalofini ayewubude obumlingene.



"Thatha isikhathi sakho," kusho uNadia. "Ngingesiqiniseko sokuthi uzozitholela incwadi ekufanele."

Ngesikhathi uGogo efaka ifomu, uThoko wayesezitholele incwadi emfanele – incwadi emayelana negundane, impungushe, isikhova, inyoka KANYE nenunu embi enezimpondo namazinyo aphumele ngaphandle.

"Ibukeka yethusa kakhulu. Ake sibone ukuthi ayikho yini engeke ikwenze ube namaphupho amabi," kusho uGogo. UGogo wathola incwadi enekhava enhle. Yayinesithombe sikaferi ogqoke ingubo yebhaleyi ephinki kanye namaphiko akhazimulayo.

"Ibukeka iyinhle le ncwadi," kusho uGogo. Kodwa uThoko wanikina ikhanda. Wayazi ukuthi yini ayithandayo futhi wayazi ukuthi ufunani. Ngakho-ke, wankonkoshela incwadi yakhe.

"A, wonke umuntu uyayithanda leyo ncwadi," kusho umsebenzi wasemtasheni wezincwadi lapho ebona incwadi ekhethwe uThoko. UThoko wabukisisa ngesikhathi kugxivizwa incwadi yakhe ngosuku okuzomele ayibuyise ngalo. "Nanso-ke!" kusho uNadia, enikeza uThoko incwadi yakhe yokuqala yasemtasheni wezincwadi kanye nekhadi lakhe lokuqala lasemtasheni wezincwadi.

"Manje usuyilungu lasemtasheni wezincwadi," kusho uNadia. UThoko wayejabule kakhulu!

"Iphathe kahle-ke incwadi," kusho uGogo sebehamba.

Hawu, leya ncwadi! Leya ndaba! Izithombe ezinjani pho! NoGogo wathi kwakuyindaba enhle kakhulu yezingane ayeseke wayifunda. Kanti kwathi lapho uThoko etshela ezinye izingane esikoleni ngendaba, zonke zafuna ukubona nezithombe zakhona.

Ngakho-ke, ngolunye uLwesihlanu, uThoko waya nencwadi yasemtasheni wezincwadi esikoleni ukuze uNkosikazi Rhode, uthisha wakhe, ayifunde futhi abakhombise nezithombe. Izingane zahleka futhi ziyithanda indaba, ikakhulukazi uThemba, owayelokhu efuna ukuthi indaba iphindwe njalo. Kodwa uNkosikazi Rhode wayivala incwadi wase eyinikeza uThoko ukuze ayibuyisele ngokuphepha esikhwameni sakhe.

Kusihlwa ngalelo langa, ngesikhathi sokulala, uGogo wathi, "Thoko, kusasa wusuku lokubuyisela incwadi yakho yasemtasheni wezincwadi emtatsheni wezincwadi. Ngakho-ke, namhlanje ebusuku kuzoba usuku lokugcina lokuthi sifunde leyo ndaba ehlekisayo." Ngesasasa, uThoko wavula isikhwama sakhe, kodwa incwadi yasemtasheni wezincwadi yayingekho lapho!

"O, Thoko," kusho uGogo, "kusho ukuthi uyishiye esikoleni!"

"Cha," kusho uThoko, "Ngiyifake esikhwameni sami lapho uNkosikazi Rhode engibuyisela yona!"

UTHoko wayesefuna ukukhala. Uzothini umsizi wasemtasheni wezincwadi uma engasayibuyiseli incwadi yakhe emuva ngosuku olulandelayo? Wase eqala ukukhahla isililo!

"Ubani obengayithatha esikhwameni sakho?" kubuza uGogo. UThoko wayelokhu ecabanga.

"UThemba Nombela!" kukhala uThoko. "Uyithande kakhulu indaba kangokuthi ubefuna ifundwe ngokuphindelela!"

"Ngabe uyeba uThemba?" kubuza uGogo.

"UThemba ngesinye isikhathi uthatha izinto engazange azicele, kodwa uhlale ezibuyisa," kuphendula uThoko.

Ekuseni ngakusasa, uGogo noThoko baya kwaNombela beyobheka ukuthi ngabe ikuThemba yini incwadi yasemtasheni wezincwadi.


"Yebo," kusho Themba, "Bengithi ngizoyibuyisa, kodwa uLinzi Dube uyiboleke kimi."

Ngakho uThemba wakhombisa uGogo noThoko kwaDube. Lapho befika endlini, uLinzi wayekhona ... kodwa ingekho incwadi!

"IkuBaba," kusho uLinzi. "Akakwazi ukufunda, kodwa ubefuna ukubuka izithombe."

Basuka-ke, uLinzi, uThemba, uThoko noGogo baya endlini kaBaba. Bamthola ehleli ngaphandle komnyango wakhe wangaphambili ehlekela phezulu.

"Ha, ha, ha! Linzi, le ncwadi ihlekisa kakhulu! Ngiyithokozela kakhulu," kusho ikhehla. UGogo wachaza ukuthi incwadi yayingeyasemtasheni wezincwadi nokuthi babesalelwe imizuzu embalwa ukuba bayibuyisele emtatsheni wezincwadi ngesikhathi.



★ Iqhubeka ekhasini le-15

Thoko had never seen Gogo walk so fast. But when they reached the library, the door was closed. Gogo read the notice and said, "It will only open again on Monday."

"But Gogo, the librarian will be very cross because the book must be back today."

"Don't worry about it," said Gogo. "I will explain to the librarian what happened. I am sure she will understand what can happen when a book is as nice as this one is. Everyone wants to read it! And until Monday comes, we can enjoy it a bit more."

When Monday afternoon came, Gogo and Thoko took the book to the library. Nadia noticed that it was late. But when Gogo explained why they could not bring it back on time, Nadia smiled and said, "That's a wonderful story! Thoko, next time, bring your friends to join the library ... and Linzi's grandfather too. We teach people to read on Friday mornings."

And that's exactly what happened.

Not only Themba who loves to borrow books, but Linzi and lots of Thoko's school friends have joined the library. And so did Linzi's grandfather! He likes the new words he learns to read every Friday. But the books he likes most of all, are the ones with pictures that make him laugh!



UTHoko wayengakaze abone uGogo ehamba ngokushesha okungaka. Kodwa bathi uma befika emtatsheni wezincwadi, umnyango wase uvaliwe. UGogo wafunda isaziso wase ethi, "Uzovula ngoMsombuluko futhi."

"Kodwa Gogo, umsizi wasematsheni wezincwadi uzosithukuthelela ngoba incwadi bekumele ibuye namhlanje."

"Ungakhathazeki ngalokho," kusho uGogo. "Ngizochazela umsizi wasematsheni wezincwadi ukuthi kwenzekeni. Nginesiqiniseko sokuthi uzoqonda ukuthi kwenzekalani uma incwadi imnandi njengale. Wonke umuntu ufuna ukuyifunda! Sisengayithokozela kakhulu futhi kuze kube ngoMsombuluko."

Lapho kufika intambama yangoMsombuluko, uGogo noThoko bahambisa incwadi emtatsheni wezincwadi. UNadia wabona ukuthi seyedlulelwe yisikhathi. Kodwa lapho uGogo echaza ukuthi kungani bengakwazanga ukuyibuyisa ngesikhathi, uNadia wamamatheka wase ethi, "Zamnandi lezo zindaba! Thoko, ngokuzayo, woza nabangani bakho ukuze bazobhalisela ukuba ngamalungu asemtatsheni wezincwadi ... kanye nomkhulu kaLinzi futhi. Sifundisa abantu ukufunda njalo ngoLwesihlanu ekuseni."

Yilokho-ke okwenzeka.

Akusiye kuphela uThemba othanda ukuboleka izincwadi, kodwa noLinzi kanye nabangani bakaThoko abanengi basesikoleni babhalisela ukuba ngamalungu asemtatsheni wezincwadi.

Ngisho nomkhulu kaLinzi imbala! Uyawathanda amagama amasha afunda ukuwafunda njalo ngoLwesihlanu. Kodwa izincwadi azithanda kakhulu, yilezo ezinezithombe ezimenza ahleke!



Do you want to get in touch with us?

Is there something you would like to ask or tell us? You can do this by emailing us on info@nalibali.org, and someone from Nalibali will email or phone you back. You can also phone our call centre on 02 11 80 40 80 from Monday to Friday between 9.15 a.m. and 4.15 p.m. But what if you don't have enough airtime to phone us? Then phone our call centre using a "missed call" and someone will call you back within 24 hours!



Ngabe uyafuna ukuxhumana nathi?

Ngabe ikhona into ofuna ukuyibuza noma ukusitshela yona? Ungakwenza lokhu ngokusithumelela i-imeyli ku-info@nalibali.org, futhi kukhona umuntu wakwaNalibali ozokuphendula nge-imeyli noma uzokushayela ucingo. Ungashayela ucingo futhi icall centre yethu ku-02 11 80 40 80 kusukela ngoMsombuluko ukuya ngoLwesihlanu phakathi kuka-9.15 ekuseni kuya ku-4.15 ntambama. Kodwa ungenza kanjani uma ungenayo imali eyanele yokusishayela ucingo? Vele ushayele isikhungo sethu usebenzisa i"missed call" kukhona umuntu uzokushayela ucingo engekapheli amahora angama-24!

Nal'ibali fun

Here are some puzzles to celebrate International Literacy Day on 8 September!


Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Nanka amanye amaphazili okugubha Usuku Lomhlaba Wonke Lokwazi Ukufunda Nokubhala mhla ziyi-8 kuMandulo!



1. Can you match the Nal'ibali characters to the kinds of books they like to read?

Ngabe ungakwazi ukuqondanisa abalingiswa bakwaNal'ibali nezincwadi abathanda ukuzifunda?



- G.** Books about karate/ Izincwadi ezimayelana nomkhalambazo
- H.** Stories with witches in them/Izincwadi ezinabathakathi
- I.** Stories (especially ones about aeroplanes) on his cellphone/Izindaba (ikakhulukazi lezo ezimayelana nezindiza) ezikumakhalekhukhwini wakhe
- J.** Books that tell you how to make things/Izincwadi ezikutshela ukuthi zenziwa kanjani izinto
- K.** Romance novels/ Amanoveli ezothando
- L.** Pirate stories/Izindaba engezicwelegcwele zasolwandle

2. Can you make twelve new words from the letters in the word, LITERACY? Write down your words and then have fun writing a sentence that uses as many of them as possible!

Ngabe ungakwazi ukwenza amagama amasha ayishumi nambili ngezinhlamvu zamagama ezisemagameni athi, UKWAZI UKUFUNDA NOKUBHALA? Bhala phansi amagama akho bese uzithokozisa ngesikhathi ubhala imisho esebenzisa amaningi awo ngendlela ongakwazi ukuthi wenze ngayo!

3. Use the clues below to guess what each of these things is.

- You read it. It has pages and a cover. Sometimes it has chapters.
- You write this when you want someone else to know how to cook something you already know how to make.
- You read it. It has big pages, a new one is sold every day and you find the Nal'ibali Supplement in it.
- Before you go to buy things, you write this so that you can remember what you need to buy.

Sebenzisa lokho okunikwe ngezansi ukuze uqagele ukuthi ngabe kuyini ngakunye kwalokhu.

- Uyayifunda. Inamakhasi kanye nekhava. Ngesinye isikhathi inezahluko.
- Ubhala lokhu uma ufuna ukuthi omunye umuntu apheke into ethile wena osewukwazi ukuyenza.
- Uyalifunda. Linamakhasi amakhulu, kuthengiswa elisha nsuku zonke futhi uthola Isithasiselo sakwaNal'ibali phakathi kulo.
- Ngaphambi kokuthi uyothenga izinto, ubhala lokhu ukuze ukhumbule ukuthi udinga ukuthengani.

Answers:
 1. A - L, B - J, C - H, D - K, E - G, F - I
 2. For example: let, it, rat, cat, race, trace, lace, lice, rice, car, tar, ate, rate, late, real, year, teal, tear, tier, tile, care
 3. book, recipe, newspaper, shopping list
izimpululo:
 1. A - L, B - J, C - H, D - K, E - G, F - I
 2. Isibonelo: funa, nazi, ukwala, ukudla, ukwanda, kafa, bhaka, khala, ziba, naka, ibhala, doba, ikha, ubala, londa, fukuza, bhukula, bala, baza, faka, dala, indla
 3. incwadi, resiphi, iphephandaba, uhlu lokuthenga

Running out of story ideas? Visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi for articles and ideas to encourage a love of reading in your child, and to help keep them hooked!



Ngabe uphelelwa imiqondo yezindaba? Vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi ukuze uthole okubhaliwe kanye nemiqondo ezokhuthaza uthando lokufunda enganeni yakho, futhi kuyisize ukuthi igxile kukho!

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.

